


UYINI UMBONO NA?

 Ngiyabonga, kakhulu. Singakhuleka na?

² Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngakho konke ukulunga kwaKho kithi. Nkulunkulu, sizizwa singafanelekile nje, nokubuka phezu kwalezi zethameli namuhla futhi sibone lelikhekhe lokuzalwa libekwe lapha. Ngiyaxolisa, Baba. Ngixolele. Angikwazi nje ukukhuluma. Kodwa ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ngandlela thize, ngandlela thize, ukuthi lomfudlana wothando lobuNkulunkulu uzosiza wonke umuntu nje. Busisa lababantu abenze lento enkulu, Baba. Ngicela nje ukuthi izibusiso zaKho zizoba nathi, kakhulu kakhulu, namuhla, kuze kube isakhiwo sonke sizogwala phamba iNkazimulo yaKho. Futhi—futhi ngicabange ngaso kanye isikhathi ubuka labobantu abayizithulu nezingungulu abadlulayo, beya kolunye uhlangothi. O, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngandlela thize, usenzele okuthile ngandlela enkulu namhlanje. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

³ Kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu zingahlala phezu kukaBuckman. Ngiyakhuleka nje ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa, bangane bami abathandekayo. Leyo yinto enhle kunazo zonke. Ngiqagele...Ingabe ukubonisile esidlangalaleni na? Ingabe bakwenzile na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ya. Akukuhle lokho na? Ngifuna ukuthatha lesi sikhathi ukunibonga. Ayikho indlela emhlabeni engingaphinde ngikhokhe ngayo noma ubani kini nezubusiso zenu zomusa. Futhi ngiziqaphelile izipho enginikezwe zona, kwase kuba izipho ezincane ezimvilophini, namakhadi nezinto. Kumangalisa kakhulu! Kungenza ngizizwe sengathi ngifuna ukwenza usuku lokubonana, ngibuye ngonyaka ozayo ngosuku lwami lokuzalwa. [Ibandla lishaya ihlombe.] Ngiyabonga, ngomusa. He! Kuyamangalisa lokho. Ngaqalaza; Angazanga ukuthi bekuyini lokho. Futhi impela kuhle, nazo zonke izipho zenu.

⁴ Yinye kuphela into engingayisho. Futhi lokhu akukhona ncamashi...Awu, ngukusho ngomkhuleko, “UNkulunkulu akubusise.” Futhi uma ngingakwazi neze...futhi uNkulunkulu akangivumeli neze ngikwenze kulokhu kuphila, uku—ukukhombisa ukubonga kwami ngazo zonke lezi zipho ezivela kuwo wonke umuntu. Ngisho nentombazane encane ibinemvilophu encane phakathi lapho, futhi bekungukukhokhwa kokweshumi kwayo, okungaba amasenti ayisishiyagalombili, ngicabanga ukuthi bekunjalo. Ingithumelele yona okwesipho sosuku lokuzalwa, okweshumi kwayo. Kusukela kulokho, kuya kulezizipho ezinkulu

lapha, o, uNkulunkulu anibuyisele ngokucebile, bafowethu nodadewethu abathandekayo. Mina nje...Bengingacabangi ukuthi ngempela nicabange kangako ngami. Ngikwenze ngempela. Ngiyakuthakasela.

⁵ Namhlanje, ngukuthi—ngukuthi, sikuthathele inkulumo yenhliziyi nenhliziyi, ngiyakholwa, namuhla. Nje, esikhundleni sokushumayela bekungukukhuluma nje futhi mhlawumbe uchaze ezinye zezinto ezingase zibonakale ziyimfihlakalo kakhulu kini emihlanganweni. Ukuthi ukuphelelwa umoya. Nje, bengingalindele olunye usuku lokuzalwa namuhla.

⁶ Futhi ngingena nje emnyango, ngahlangana nomngane wami olungileyo lapha, u-Art Wilson. Ngicabanga ukuthi osomabhizinisi abangamaKristu bonke bayamazi. Ikhaya lakho—lakho lise-Oregon, akunjalo na? Noma...[UMfowethu uWilson uthi, “EReno, eNevada.”—Umhl.] EReno, eNevada. UMfowethu Art Wilson, kwesokudla sami.

⁷ Indoda elandelayo nguMnu. Wood. UMnu. Banks Wood, umngane wami nomakhelwane. UMnu. Wood ubelokhu ehamba nami. Futhi abaningi benu bantu bayamazi, ngokuthengisa izincwadi emhlanganweni. Lendoda ibe ngusonkontileka ophumelele kakhulu. Futhi ngolunye usuku, ngenkathi ngiseLouisville, eKentucky, nginomhlangano; yena uqobo enguFakazi kaJehova, umkakhe eyiMethodisti. Babezwile ngomhlangano, ngakho bavele bashayela behla ukuze bathole ukuthi kwakuyiqiniso kangakanani.

⁸ Ngalobo busuku, kwakukhona intombazane eyayihlukumezekile, yayisilale izinyanga ezimbalwa, ingakwazi ngisho ukunyakazisa noma yiliphi ilungu, kusukela ezinqulwini zayo kwehle. Inenekazi elithi alibe, o, inkosazana ethi ayibe neminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, yasukuma yaphuma ohlakeni lwayo, lapho ilethwa emsamo, yahamba yonke indawo. Ngosuku olulandelayo, yaqhubeka nje. Yabuyela esikoleni ezinsukwini ezimbalwa; ngokuvamile kahle, nokho. Futhi izinto iziningi uJehova azenza.

⁹ Ngakho uMnu. Wood, enokuthile azokwenza ngakho... indlu ukuba ayiqedele, noma into ethize ayekuyo, wayefanele aphuthume futhi ayenze; waya eHouston, eTexas, emhlanganweni wami olandelayo. Lapho, wayemi ekamelweni ngalobobusuku ngenkathi iNgelosi yeNkosi ibonakala, namakhamera athwebula isithombe seNgelosi, okungukuthi, isithombe osibonile, ngokwakho, lapha.

¹⁰ Khona-ke, waba nenye yezindlela zakhe zokwenza okufanayo ezinhle. Wayenomfana okhubazekile, futhi umlenze wakhe wawufinyele ngaphansi kwakhe. Kwase kuthi-ke uMnu. Wood, ngenkathi ngibuya...Ngaya phesheya kwezilwandle, nangale eSweden; ngabuya. Base-ke bebeka itende phakathi, ngikholwa ukuthi kwakuyi, Cleveland noma...eCleveland, e-

Ohio. NoMnu. Wood, nokho, kusobala esixukwini, elandela nje, njengabaningi benu nanamuhla, kodwa wazimisela ukuhlala kuze kuphele. Yileyo ndlela, indlela yokwenza. Futhi wabeka eceleni umsebenzi wakhe futhi wakhuphulela umfana eCleveland.

¹¹ Ngemva kobusuku obumbalwa, lokho kwaba semhlanganweni. Isizathu, angikhumbuli; kuphela ngeteyipu. Wayehlezi emuva etendeni, emuva le, yena nomkakhe. NoMoya oNgewele wehla, wathi, “Inenekazi elihlezi emuva lapho nomyeni walo, usonkontileka,” wathi, “yena uqobo unethumba. Nomfana wakhe ukhubazekile. Kodwa, ISHO KANJE INKOSI, ‘Uphulukisiwe.’” Waphakamisa umfo omncane. Ukahle, usemncane, umlenze oqondile, kusukela ngalo kanye lelohora kuqhubeke, ngokweywayelekile nje njenganoma yimuphi umfana.

¹² UMnu. Wood wayeka ukuba ngusonkontileka, uzulazula kanye nami. Ngakho, umfana wakhe nomfana wami bangoshomi abakhulu, ndawonye. Futhi uwayelekile nje futhi ukahle njenganoma yimuphi umfana, ulindele ukungena ebuthweni khona lapho. Ngakho iNkosi inhle, aYinjalo na? Futhi igcwele umusa. Futhi zingaki izinto ezinkulu Ezenzile phakathi kwethu!

¹³ Manje, namuhla, manje, kulobubusuku, ngiyacabanga, kuyilokho . . . Sizozala kusenesikhathi kancane. Ngifanele ngibe seLouisville, eKentucky, ngosuku olunqunyelwe ukubonana ekuseni, ngehora lesishiyagalombili ngqo, futhi ngithole, ngishayela ngehle njalo, kulobubusuku, okucishe kube ngamahora ayisishiyagalombili noma ayishumi ukushayela. Ngakho-ke, sizofika lapho cishe ngesikhathi ukuze sifinyelele esikhathini esinqunyelwe ukubonana. Sizosuka lapha ngqo, siye ku . . . siye eLouisville, nangemoto. Futhi-ke sihlose ukuqala izinkonzo kusenesikhathi kancane nje, kulobubusuku. Futhi siyakuthakasela ukuphuma kwenu, kusenesikhathi kancane nje, uma nithanda. Bangitshela ukuthi ngingaba semsamo . . .

¹⁴ [UMfowethu uJoseph Mattsson-Boze uthi, “Amakhadi azonikezwa ngehora lesithupha nqo.”—Umhl.] Amakhadi azonikezwa ngehora lesithupha nqo, kusho uMfowethu Joseph. Futhi sivele nje . . .

¹⁵ Umbutho ungahle umthole uBilly maduze impela, ngakho uMnu. Wood ukhipha amakhadi omkhuleko, noBilly uyamephula. Ngathi, “Nizwana kanjani, Mnu. Wood?”

¹⁶ Wathi, “Yisho!” Wathi, “Kulungile, kodwa,” wathi, “Ngehlele emakhadi amabili futhi ngibe nabantu abayisithupha abebelifuna.” Lokho ngukuthi . . . Wathi, “Wenzani kulolodaba na?”

Ngathi, “Okwenzile nje.” Ngathi, “Awu, yena . . .”

¹⁷ Futhi izolo ebusuku, ngenkathi ejabule kakhulu, wathi, ukubona abantu a—ayemnike amakhadi, emi emsamo,

noNkulunkulu ebaphukukisa futhi ebaphilisa. Futhi wajabula kakhulu ngalokho!

¹⁸ Manje, kulobubusuku, azokhishwa ngelesithupha, ngoba ngicabanga ukuthi ngifanele ngibe semsamo ngekota yesishiyagalombili. Ngikholwa ukuthi lokho kunjalo. Bese kuthi-ke, ukuze siphume kusenesikhathi kancane, ngenxa yohambo lokushayela olude, olukhathazayo namhlanje ebusuku.

¹⁹ Ngakho, ngiyabonga, ngokuphuma, kulentambama. Futhi ngalentambama enomoya, ebandayo, futhi nokho niyaphuma. Kukhombisa ukuthi aniphumanga neze ukuba nibonwe. Uphumela kulokho okuhle ongakuthola emhlanganweni, kuNkulunkulu. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzokubusisa, ngokuchichimayo.

Manje, ikakhulukazi, akusho ukuthi abantu bafanele babe lapha ngehora lesithupha nqo; nina nje enifuna amakhadi omkhuleko.

²⁰ Futhi manje kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo kukho konke ukuhlangana kwethu ndawonye. Futhi nge-ngethemba ukuthi ngolunye usuku, iNkosi ithanda, maduze ngizobuyela eChicago futhi, futhi ngikhonze iNkosi.

IBhayibheli lathi lapha:

Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, mina iNKOSI ngiyakuzibonakalisa kuye ngemibono, . . .

Kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo eZwini laYo. Manje, njengenkulumo yenhliziyiyo nenhliziyiyo. Ngizo . . .

²¹ UJoseph akakwazi lokhu. Kodwa ngizombuza nje uma ezovele, noma nini lapho efuna, angiphazamise ngikhuluma, futhi asho noma yini. Sibe nengxoxiswano into efana nale, kulokhu ukusa, emsakazweni. Niyaluzwa uhlelo nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

²² Futhi—futhi ngakho-ke, na—namuhla, ngicabangile, mhlawumbe ukuthola nje u—umuzwa wabantu, ukuze nibone lokho, ukusebenza kwamandla angaphezu kwawemvelo. Futhi nje ninikeze ukukhuluma okusuka enhliziyweni kuye enhlizweni omunye komunye, nginivumele ningene ngaphakathi kwaLokhu, ngokuqhele njengoba ngingahamba. Futhi angikaze . . . Eziningi zalezi zinto enginazo enhliziyweni yami ukuba ngizisho, angikaze ngizisho ezethamelini ngaphambilini, empilweni yami. Ngakho kwangathi Angengeza izibusiso zaKhe kulokho esikushoyo.

²³ Okokuqala esifuna ukukhuluma ngakho: *Uyini UMbono Na?* Ubungaba yini na? Abanye, abantu abaningi kakhulu . . .

Angisho, njengoba uMfowethu Billy Graham asho, “Ngiphendula abangixekayo.” Ngibonga kakhulu ngokuthi nginabagxeki abambalwa kakhulu. Cishe wonke umuntu. . .

²⁴ Abanye babo abangakaze babe semhlanganweni, bangahle bathi, “O, awu, akukho lutho kulokho.” Kodwa kanye emhlanganweni, kusondele impela ekukuxazululeni, lapho uJesu ebamba inhliziyo yabo, futhi bayabona khona-ke ukuthi ku—ukuthi kuyiqiniso.

²⁵ Umbono uwu—uwukuthi nje. . . Abantu abaningi bayangibuza, “Mfowethu Branham, ngabe okuphathekayo okubukayo na? Noma, ingabe kugxilile nje engqondweni na? Noma, kuyini na?” Qhabo. Kungokuphathekayo. Kuyiqiniso njengoba ngibheka njengamanje.

²⁶ Futhi manje, ukuthi lokho kwenzeka kanjani, kwenziwa ngomusa ozibusayo kaNkulunkulu. Futhi lapho ngiseyngane, lapho ngiqala ukuzalwa, umama ungitshela ukuthi lokhu kuKhanya kwangena futhi kwalenga phezu kombhede omncane engazalelwa kuwo. Kwase kuthi-ke, njengoba ngikhumbula, lezozinto zenzeke phambi kwami.

²⁷ Vele, kuvele kuvuleke. Kubonakala sengathi ayikho indlela engingakuchaza ngayo ngempela; kodwa, ukuze nje ngithole okukwedlula konke ebengingakwenza: ukuzithoba nje kuMoya oNgcwele. Futhi kuyaqala nje, futhi nakho kuphambi kwenu. Uyaqonda ukuthi umi lapha, futhi nokho uneminyaka engamashumi amane emuva empilweni yothile, ubhekisisa lokho abakwenzayo. Bese kuthi-ke, into kuphela engiyishoyo, yilokho nje engikubukayo.

²⁸ Bese kuthi lapho ngithi ukuswanguluka, ngiyaqonda ukuthi kukhona engikushilo, kodwa izikhathi eziningi angikwazi engikushilo. Futhi ngendlela engikuthola ngayo, yilaba bafana, bona behlezi phansi lapha, lezi ziqophamazwi, baphinde bangidlalele sona. Futhi ngikucosha kanjalo-ke. Ngakho, akukho kimi uqobo, nhlobo.

²⁹ Bese kuthi-ke lokho—lokho kunikezwa inhloso eyodwa—eyodwa. Manje, ngiyacabanga, futhi ngisho lokhu kusuka enhliziyweni yami, ukuthi isimo esikhulu nesiphakeme kunazo zonke esikhona ngesokuba uNkulunkulu anikeze uMlayezo waKhe kubantu baKhe, kungokwabantu ukuba bakholwe iZwi laKhe. Kunjalo. Lelo uhlobo oluphakeme kunakho konke. Ukushumayela iVangeli kuluhlobo oluphakeme kunakho konke. Manje-ke, uma niqaphela, iBhayibheli likubeka ngaleyondlela. “Abaphostoli bokuqala, okwesibili umprofethi,” njalonjalo, bese-ke kuqhubeke kwehle, kuqhubeke kwehle, bese-ke kungena eziphiweni zomoya eziyisishiyagalolunye ezisebenza kuyo yonke imizimba yendawo.

³⁰ Manje, izinkonzo zami eMelika azibanga zinhle kakhulu njengoba bezifanele zibe njalo, eMelika. Izinkonzo zami

zinamandla kakhulu, okweNkosi, phesheya kwezilwandle. Zihlangana ngakho kangcono. Manje, angazi ukuthi kungani. Manje, angikhulumi ngani bantu. Qhabo. Ngikhuluma ngomphakathi jikelele, niyabo, nxazonke, njengeChicago, kukho konke, singathi; noma—noma, eThekwini, eNingizimu Afrika, kukho konke, niyabo, into enjalo; noma, iDolobha laseMexico, kukho konke. Awu, bazosabela kukho, ngamaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili ngaphezu kwalokho abazokwenza eMelika.

³¹ Manje, lokho amaMelika asabela kukho ngokukwedlula konke, izinkonzo zokuphulukisa, ngokubona kwami, ngukuthi, awu, ngekaMfowethu Oral Roberts. Manje, uMfowethu Oral Roberts uyisikhulumi esinamandla, umshumayeli wangempela, nomfowethu omuhle owesaba uNkulunkulu, umfowethu, u-Oral Roberts; nomngane wami omkhulu, umfowethu othandekayo. Futhi ngenenkulu, inhlonipho ejulile ngoMfowethu Roberts. Futhi iNkosi ikanye naye futhi imbusisa, ngokumangalisayo kakhulu, nemihlangano yakhe lapha eMelika. Yena . . .

³² Sobabili sasingahle siye edolobheni, futhi uyomisa umhlangano wakhe, futhi ngangimisa umhlangano wami. Izithameli zakhe ziyokhithikela kwezami, izikhathi eziningi, ngesikhangiso esincane nje, ngoba inkonzo yakhe inomthelela omkhulu lapha eMelika, ngoba uyi—i—isikhulumi esinedumela. Yena . . . Futhi une—indlela. Uhlakaniphile futhi ufundile, futhi uyalazi iBhayibheli. Futhi angakwethula ngendlela yokuthi abantu abafundile bakulalele lokho, ngoba lokho kusezingeni aba—abaphila kulo.

³³ Kodwa thatha thina, lapho siya e-Afrika, awu, kwakungekho ukuqhathanisa, nhlobo. Niyabo? Futhi abantu abangafundile, nokunye nokunye, babheka okungaphezu kwemvelo, ngoba abanakho lokhu, imfundo kanye ne . . . bafundiswe ngokwasesikoleni njengalaba bantu lapha. Ngakho ke i- . . . Yinto iNkosi eyinikile, ukuzuza abantu.

³⁴ Manje, angiqondile ukusho lokho . . . Abangingi abafundile, abahlakaniphile, abakhaliphile, abanye kwabaphakeme kunabo bonke, ngisho nasemakhosini, abanamandla, amakhosi, impela, bayakukholwa futhi bayakwemukela.

³⁵ Kodwa ngokujwayelekile, amabandla ethu aseMelika, sekunesikhathi eside selokhu saba nemvuselelo, kusukela le emuva onyakeni kaWesley. Izizukulwane ezindala zafa. Ngenkathi, abantu bakwaWesley babevame ukuxoshwa futhi babizwe “abaginqiki abangcwele” na “badlikizi,” ngoba badlikizisa ikhanda labo, futhi—futhi balala e . . . emisamo nakuzo zonke izindawo, ezikhaleni eziphakathi nezihlalo. Bathela amanzi phezu kwabo futhi babaphephetha, lapho uMoya oNgcwele wawuphezu kwabo. Manje, lolosuku selufile, kudala.

³⁶ Sonke sizinzile, o, i-Orthodox kakhulu. Kodwa yingakho bengakwazi. Abantu namuhla bayafundiswa, awu, i—isikhulumi esingakwethula ngendlela i—indlela enkulu kakhulu. Awu, lokho kulungile nje. Lokho kuhle futhi kuhle kakhulu. Futhi inqobo nje lapho wemukela uKristu, yileyo—leyo into esemqoka, inqobo nje uma wemukela uKristu.

³⁷ Manje, siyamqaphela uMfowethu Roberts. Niluzwile uhlelo lwakhe kulokhu ukusa, mhlasimbe. Futhi ngafunda izindatshana ephepheni, futhi ngazibonela ngawami. Ekutheni kanjani lokho. . . Futhi ezansi e-Australia, into embi kanje pho, labo abaklolodayo, bembiza “ngokumbumbu” nakho konke, futhi bamxoshe kanjalo. Lapho, mhlasimbe. . . lolu hlobo lwenkonzo beluzoyivala leyonto, khona manje. Niyabo? Niyabo? Bekuyoba ngokwehlukile. Futhi, kodwa, uMfowethu Roberts, nokho, uNkulunkulu umnike indlela yokusebenza nabantu engingeke ngibathinte. Futhi mhlawumbe ngisebenza nabantu angakwazi ukubathinta. Kodwa, ndawonye, singabazalwane abazama ukwenza lokho esingakwenza ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Niyabo?

³⁸ Futhi imibono iyingxenywe nje yeVangeli elishunyayelwayo. Manje, niyabo, ukuba benginemfundo futhi mhlawumbe nginephimbo elihle, nokunye nokunye, futhi ngethule iVangeli, njengokuthi, mhlawumbe bengingaba u—umshumayeli walolo hlobo. Kodwa, uNkulunkulu azi ukuthi ngangingeke ngibe ngofundile, Wadingeka anginike enye into engizosebenza ngayo, niyabo. Futhi Wakwenza kanjalo-ke, into kuphela engiyaziyo.

³⁹ Manje, ungahle uzibuze ukuthi kwenzekani emsamo. Lapho i—i—isiguli noma. . . Bengingeke ngikusho kanjalo. Lokho kuningi kakhulu ngegama lezokwelapha. Ngingathi, uma umngane emi phambi kwami, efuna usizo, nakhu okwenzekayo. Angihlangene ngalutho nalokho, akukho neyodwa into. Yilesosiguli ngokwaso esisebenzisa lesosiphiwo sobuNkulunkulu. angihlanganise lutho nakho, nhlobo. Ngihlale nginikela, nginikela, kuze kube umoya wabo noMoya ophezu kwami, enginikelwa kukho, kuze kube uMoya oNgcwele. . .

⁴⁰ Ngizokubiza kanje, ngikwenze ngalendlela, njalo, ukuze niqonde. Nanku uMoya oNgcwele phezulu *lapha*, bese-ke ngiqhubeka ngizinikela kuYe, ngize ngazi ukuthi U—Ukhona. Futhi ngikhuluma nomuntu ngize ngithole ukunaka kwabo. Kuze kube yileso sikhathi, akukho okunye engikwaziyo. NoMoya oNgcwele, ngokunikelwa komoya wami, ungikhombisa impilo yabo. Futhi lapho lokho kwenzeka, lokho kwakha ukukholwa kwesiguli, kuze kufike endaweni enjengale.

⁴¹ Futhi izikhathi eziningi, manje-ke, ngiqala ukusho enye into, futhi Uzongimisa futhi uthi, “ISHO KANJE INKOSI.” Manje bhekisani lokho. Lokho kuphelele, isikhathi ngasinye. Awuzange wehluleke. Uzobatshela nje ukuthi yini elungiselela

ukwenzeka. Futhi kuzoba ngaleyondlela. Kuphawule phansi, futhi ubone ukuthi akunjalo yini.

Manje, lokho, isiguli siyakwenza lokho.

⁴² Manje ngingahle ngingikeze lokhu ngendlela eyimfundamakhwela nje, ukuze niqonde. Awusho, lapho, kukhona omkhulu kakhulu... Sonke singabafana namantombazane amancane, futhi siphansi e... emuva ngesikhathi sobufana. Futhi kukhona uthango olukhulu nje lapha. Kukhona isikhathi sentokozo nedili ngaphakathi. Futhi kwenzeka nje ngi—ngi—ngibe mude kancane kunawe. Mhlawumbe unamandla kunami, kodwa ngimude. Niyabo? UNkulunkulu wenza abantu ngezindlela ezahlukene ukuze benze imisebenzi eyahlukene. Awu, manje-ke, phezulu le *lapha*, cisha nje lapho engingabuka khona, kukhona imbobo odongeni. Awu, manje, ngingakwazi ukubamba phezulu, ngoba ngifinyelela phezulu ngokwedlulele kancane, futhi ngikwazi ukweluleka, eminweni yami, futhi ngibuke ngale mbobo. Ngiyabuya futhi ngizokutshela engikubonile. Uyawuthola umqondo manje na? Uyangilandela na?

Manje, manje, mhlawumbe indoda elandelayo, inamandla, kodwa ayikwazi ukubona kude phezulu kangako. Ngakho iyothi, “Mfowethu Branham, ubonani na?”

⁴³ Ngiyothi, “Umzuzwana nje.” Futhi ngizogxumela phezulu, phezulu impela, futhi ngibambe iminwe yami ekugcineni, futhi ngizidonsele phezulu, kanzima ngempela. Futhi ngizothi, “Ngi—ngi—ngibona indlovu.” Futhi ngiyehla. Niyabo? Kunzima, ngoba ngiyaphakama. Ngikusho lokhu njengomfanekiso ukuze niqiniseke ukuthi niyaqonda.

Manje, lapho ngibuyela phansi, “Uboneni na?”

“Indlovu.” Niyabo? Kulungile.

⁴⁴ Manje, lokho kufana nomuntu omi emsamo, esebenzisa isiphiwo sobuNkulunkulu, njengoba kuwubunzima, ngoba umuntu qobo lwakhe usebenzisa lesosiphiwo. Abazi ngakho, kodwa bayasisebenzisa, qobo lwabo.

⁴⁵ Manje, ngitsheliwe izolo ebusuku ukuthi bekukhona indoda emi emsamo. UMfowethu Joseph wangitshela, emva kokuba esehlangene nami, ukuthi indoda yayi... Mina... Okokuqala, ngenkathi ekhuphuka, futhi ngacabanga ukuthi ibiyisithulu futhi iyisimungulu. Ngathi, “Sawubona, mnumzane?” Okuthile ngaleyo ndlela. Ngingahle ngingakucaphuni kahle. Ngithatha lokho abangitshela khona. Angikaze ngiyizwe iteyipu okwamanje. Futhi yathi indoda ivele yama lapho nje. Ngathi, “Awu, mhlawumbe iyisithulu nesimungulu.”

⁴⁶ Futhi manje bheka umusa ozibusayo. Niyabo? Lokho kufana nohlanya emsamo. Lokho kufana nenyanga mthakathi e-Afrika, imi lapho namathambo eminweni yayo, ukukuphonsela

inselele, niyabo. Umusa uyabamba khona-ke. Akumele ukhathazeke. Ungakwenzi. Akukho ukukhathazeka ngakho. Umusa uyabamba. UNkulunkulu ubamba lapho ongakwazi ukubamba khona. Futhi kwathi lapho indoda imi lapho. Ngaphambili...Nga—ngathi, “Awu, mhlawumbe iyisithulu nesimungulu.” Futhi kungazelele, nakho kwavela umbono phambi kwami. Khona-ke...

⁴⁷ [I-alamu lewashi likaMfowethu Branham liyakhala—Umhl.] Manje, uxolo lelowashi likhala i-alamu. Lokho bekuwukuthola...ukuza ngapha futhi ngiqale. Ngakho, bengazi ukuthi ukucoshile kulokhu. Nginike nje iwashi lapho, lawo ma-alamu. Ngakho-ke, leso akukabi yiso isikhathi sokuma okwamanje, ngiyethemba. Ngakho ku...Ngizozwa ngalokhu; ningakhathazekei.

⁴⁸ Ngakho, manje-ke, indoda imi lapho. Umbono, mina ngokushesha, mhlasi, ngabona iFinland noma okuthize. Angisakhumbuli. Kodwa manje, noma ngabe bekuyini, bathi ngimtshele ukuthi ubengumFinn. Futhi uyasikhohlisa, enye into, mhlawumbe ubengumFinn. Awu, uJoseph lapha, uthe ubengakwazi...Lokho bekuvelele kuye, ukuthi Wawuzokwazi kanjani ukuthi indoda yayingowasiphi isizwe. UNkulunkulu ngomusa waKhe wakubonisa lokho.

[UMfowethu Joseph Mattsson-Boze ukhuluma noMfowethu Branham ngomfowethu waseFinland owaphiliswa—Umhl.]

⁴⁹ Ngiyazibuza uma bekungaba ngenhlanhla yini ukuthi leyondoda ibe sesakhiweni namuhla, futhi uma umuntu othize ehlezi eduze kwayo, lokho bekungathi nje...uma bebewazi ukukhuluma isiFinnish, bebenga—bebengabona...Uma lokho kunjalo, ungasiphakamisa isandla sakho na? uma indoda isesakhiweni, namuhla, indoda yaseFinland ebilapha izolo ebusuku, ebikhona esikhuluma ngayo, leyo ebisemsamo. Bengifuna—funa nje...

⁵⁰ [UMfowethu Joseph Mattsson-Boze uyaqhubeka nokukhuluma noMfowethu Branham mayelana nomfowethu waseFinland owaphulukiswa—Umhl.] Awu, lokho, ngiqagele ibuyele emuva, mhlawumbe, ekhaya layo.

⁵¹ Manje, manje, ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, futhi i...WayenguMlomo kaNkulunkulu ogcotshiwe. Niyakukholwa lokho na? Wayeyi—iNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa kuphela. Futhi uNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo, ngaphandle kwesilinganiso. Niyakukholwa lokho, mfundi weBhayibheli na? Wayengu-Emanuweli. Akekho phakathi kwethu oyoke afike kuleyo ndawo. Qhabo. Qhabo. WayeyiNdodana kaNkulunkulu ezelwe yintombi engewe, futhi thina soze sibe njalo. Thina soze size sikwazi ukwenza izinto, leyo ekanjalo, ngoba WayeyiLokho.

⁵² Kodwa manje Wethembisa ukuthi izinto Azenza nathi siyozenza, ngoba siyakuba ngabantwana bokutholwa kuNkulunkulu, ngaYe. Ngabe kunjalo na? Manje, lokho akunjalo...Lokho kungokwethu sonke. Lonke ikholwa liba ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na?

⁵³ Manje, ngenkathi owesifazane onomopho ethinta ingubo yaKhe, lokho kwakufana nje nokulunguza ngembobo. Niyabo? Wezwa amandla ephuma kuYe. Waba—Waba buthakathaka, kodwa Wayengazi ukuthi kwenzekani. Umuntu othile wayeMthintile, ngoku—kukholwa. Futhi Wabuza ukuthi kwakungubani, futhi wonke umuntu wakuphika. Ngakho-ke kwenzekani emva kokuba Esekwenzile lokho, ngani, Waqalaza waze Wathola. Manje, kukhona . . .

⁵⁴ Wamazi kanjani na? Lowo ngumbuzo engifuna ukufinyelelisa kini. Wamazi kanjani na? Manje ake ngizame, nge...njengomfowenu, ukuchaza lokhu, ukuthi Wayemazi kanjani.

⁵⁵ Ngoba, lapho noma ubani esekwenzile lokho, ngingasho emihlanganweni lapha, ngokusebenza kukaMoya oNgcwele. Lapho noma ubani ebusisiwe, kubonakala sengathi nje yinto ethize ekudonsayo, *kanjalo*, niyabo, futhi ufika kumuntu. Bese kuthi-ke, ngaphezu nje komuntu, uyababona nokuthi kwenzekeni kubo, nokuthi yini engalungile ngabo. Bese ubheka, futhi ubona ukuthi ngumuntu ofanayo, futhi njengo—umgwaqwana noma umgudu osebenza phakathi kwakho nomuntu.

⁵⁶ Ngicabanga kanjalo-ke. Akazange akuchaze. Ngicabanga kanjalo ukuthi Wayekwazi. Ngoba, uMoya oNgcwele usebenza ngendlela efanayo, leyo yindlela oqondwa ngayo.

⁵⁷ Asithi, njengoba kwesinye isikhathi uthi, “Inekazi elihlezi lapho, elifake isigqoko esiluhlaza satshani,” noma into ethize enjalo, “kade uhlushwa *ukuthi-nokuthi*. Uvela endaweni *ethile*.” Uyakulalela lokho. Niyabo? Ukhona ngqo embonweni, ubheka okwenzekayo. Bese kuthi-ke mhlawumbe uyambona epininiza ebuya, futhi ngukukhanya kumzungezile, nayo yonke into. Ngani, khona-ke wena uthi, “Ngani, uphulukisiwe. Ngu ISHO KANJE INKOSI.” Niyabo? INkosi Ekhombisa umbono, ukukholwa kwakho nje kuYo, ingisebenzisa njengomlomo ukuze ngikutshela lokho ofisa ukuthi Ikutshela khona. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, kodwa lapho kungokunye...Manje, leyo yindlela nje kaNkulunkulu evumelayo, isebenza.

⁵⁸ Lokhu ngikusho ngenhlonipho yokuzithoba. Ihora seliseduze, lapho mina...ngemva kokuba senginitshelile lokho umbono iNkosi engibonise wona, ukuthi lokhu ekugcineni kuzobuyela emuva, kunikeze indawo kokuthile okude kakhulu

ngale kwakho. Futhi yilokho engifuna ukufinyelela kukho, kulentambama.

⁵⁹ Manje, umuntu owenza lokho, uzo—uzo, uma beyokukholwa, bayobusiswa futhi bayosinda. Manje, kungesikho ukuthi baphulukiswa; kodwa ukukholwa kwabo kwathinta uNkulunkulu futhi bemukela ukuphulukiswa kwabo osekuvele kwabelwe bona, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule. Niyabo? Akukhona ukuthi lokho kwakuphathelene nokuphulukiswa kwabo. Kwakungumlomo nje, ukukhuluma.

⁶⁰ Yaba kanjani noma iyiphi indawo eBhayibhelini na? Asinjalo. . . Angiziqhathanisi mina uqobo nomprofethi. Qhabo, mnumzane. Qhabo. Ngiyisoni esimpofo esisindiswe ngomusa. Kodwa isiphiwo iNkosi eyasinika abaprofethi, futhi yabenza abaprofethi, babewumlomo kaNkulunkulu. BabeneZwi leNkosi. Futhi akekho umprofethi owake wenza noma yini ngokwesifiso sakhe uqobo nje. Wakwenza, kuqala, emva kokuba uNkulunkulu esemtshelile. Kunjalo.

⁶¹ Futhi yileyo ndlela iNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi Ifika, eyayinguNkulunkulu womprofethi. Yathi, “Ngenza kuphela njengoba uBaba eNgikhombisa ukuba ngenze.” Kunjalo. Kufanele kuphela kuze ngamandla obuNkulunkulu, ukwembula ngenyama. Futhi uKristu wayenguMlomo kaNkulunkulu emhlabeni. Wonke umuntu uyakuqonda lokho na?

⁶² Manje, isibonelo, ngezinye izikhathi, ngiyoba sekhaya. UGene, uLeo kanye nabo ebengikhuluma ngabo izolo ebusuku, behlezi lapha, UMfowethu Beeler nabanye abaningi babo, nalabo abangaziyo. Ekhaya, ngiyobe ngihamba endlini, ngingacabangi lutho. Mhlawumbe ngihlale phansi ekamelweni, futhi kuyofika umbono. Futhi mhlawumbe uyohlala uthule ngokuphelele isikhashana impela. Futhi uyothi. . .

⁶³ Uyothi, “Manje, uzoba nocingo emizuzwaneni embalwa, ocingweni, futhi uzongena kulelidolobha. Futhi lapho uya kulelidolobha, uzoza endaweni *ethile*. Kuzoba ngalendlela. Futhi uzongena ekamelweni, futhi uzobeka isigqoko sakho phansi. Noma, inenekazi lizobeka isigqoko sakho phezu kombhede, kodwa asifanele sibekwe lapho. Sifanele sibekwe phezu kwetafula, futhi elinye inenekazi lizongena ngalendlela.”

⁶⁴ Uzobona konke kwenziwa ncamashi ngendlela nje obekufanele kwenziwe ngayo. Futhi uma ngehluleka kwenye yalezo zinto, ngeke kwenzekwe. Kufanele kufane ncamashi nomzuzu nesikhathi, futhi yonke into ibe ngokwendawo ngokufanayo nje, ngokuba ngumbono. Ku—kufanele kwenziwe kuphatheke ngokuphelele. Bese kuthi-ke uma kwenza, kufanele kwenzekwe. Akukaze kwehluleke. Manje, yingalesosikhathi lapho

uNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe. Lokho akungenzi buthaka. Lokho akungikhathazi.

⁶⁵ Manje, lapho uJesu evusa uLazaru ethuneni, kwakuyisimangaliso esikhulu kakhulu kunalokho owesifazane owayeyikho owathinta ingubo yaKhe futhi waphulukiswa ngomopho. Niyakuvuma lokho na? Akazange asho nelilodwa izwi mayelana nokuba buthakathaka, namandla ephuma kuYe, ngoba uNkulunkulu wayesebenzisa isiphiwo saKhe. Niyabo? Lolo uhlobo lombono. Yilolo hlobo lombono.

⁶⁶ Kodwa lapho abantu besebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, futhi yini engenza ngibe buthakathaka kangaka, emsamo, nguwe uqobo. Yilokho okukwenzayo. Wena ngokwakho wenza umsebenzi, ukusebenza, yingakho kudonsa. Kuphakathi kokuthi usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, noma uNkulunkulu usebenzisa isiphiwo saKhe.

Manje, ngokuqhathanisa, ngingathi. . . Uma ungibuza, “Yini ephakathi lapho na?”

“Awu, indlulamithi.”

“Yini enye oyibonile na? Yini. . .?” Ukukhathala, niyabo, kungokunye okubonayo.

⁶⁷ Kodwa manje lapho uNkulunkulu efuna nazi ukuthi kwenzekani, Uvele akucoshe futhi akuphakamise ngaphezu kwayo yonke into, futhi athi, “Nali isekisi lonke. Niyabo? Lesi yiso sonke isithombe. Uzokwenza *lokhu*, futhi wenze *lokhu*, futhi wenze *lokhu*, *nalokho*.” Kukubuyisele phansi. Ukuphakamisele phezulu, ngezingalo zaKhe zaphakade nephiko. Futhi akukho lutho ezweni. . . Ubuyela phansi, uzwa sengathi umemeza ukunqoba. Kodwa yilokho kuphela.

⁶⁸ Manje, abantu abaningi, bacabanga ukuthi umuntu obona imibono ubefanele abe ngonobuNkulunkulu. Qhabo, mnumzane, akunjalo nhlobo. Qhabo, mnumzane. Akekho omunye onobuNkulunkulu ngaphandle kukaNkulunkulu. Yilokho kuphela. Futhi akekho. . . Awukho umehluko phakathi kwethu. Sonke siyizoni, sisindiswe ngomusa. Futhi oyedwa akekho ngaphezu komunye. Vele, umuntu unikezwa okuthile, futhi uzofanele aphenidule ngalokho akwenzile ngethalenta anikwa lona. Kunjalo. Wonke umuntu ufanele aphenidule ngalokho.

⁶⁹ Manje, ngingahle ngikutshela umbono osanda kwenzeka. Futhi ukuze kuthi. . . Umfowethu uJoseph wangicela ukuba ngenze lokhu, ukuze abantu abakhona lapha esakhiweni abakwazanga ukuthola u—udaba lwaleliphephabhuku, uyoqonda. Ngenza. . . Lapho ngiqala ukuba i—inceku yeNkosi, ukuba ngikhulekele abantwana baYo abagulayo, niyayazi indaba, ukuthi Wangitshela kanjani ukuthi ngazalelwa ukukhulekela abantu abagulayo.

⁷⁰ Manje, wena uthi, “O, ngikuzwile lokho izikhathi eziningi, lapho, ngabantu abehlukene.” Kulungile lokho. Niyabo? Lokho, bona, a—angikwazi ukuphendulela omunye umuntu. Mina ngifanele ngiziphendulele okwami, nawe ufanele uphendule okwakho. Manje lokho yiqiniso.

⁷¹ Kwase kuthi lapho Engitshela lokho, ngangazi ukuthi kwakukhona, kule nkonzo, kwakuyomele kube nezinto eziyinqwaba ezicutshungulwayo; imali, ngento eyodwa. Awu, ngenza isithembiso kuNkulunkulu, ukuthi angiyikuyithatha imali yabantu. Futhi ngaMcela... Ngangingayifuni imali yabantu, kodwa ngangazi, kulokho, kwakuyoba nenqwaba yemali enginikezwa yona, futhi ngangiyofanele ngiyenqabe. Ngakho, ngaMtshela, inqobo nje lapho Ephumelelise izindlela zami, ukuze ngingadingeki ukuba nginxuse imali, Ngangihlala enkundleni inqobo nje uma Engiphumelelisa. Kodwa kwathi Esefike Wangehlulekisa, lapho ebesiyofanele sinxuse khona, noma sithathe amahora, kumbe noma yini abayenzayo ukuthatha iminikelo, njengoba ngikubonile izikhathi eziningi ebandleni lami siqu lehlelo engangingowalo ngalesosikhathi, khona-ke ngathi nga—ngangizongena ngiphuma ensimini. Wangibusisa cishe iminyaka eyisishiyagalolunye. Kodwa eCalifornia khona... .

⁷² Inkonzo yami, kwakubukeka sengathi, iqala ukwehla, ngandlela thize. Iposi lawa. Kubukeka sengathi abantu babengenantshisekelo. “Awu,” ngacabanga, “Nkulunkulu, konke lokho kusesandleni saKho.” Lapho, ngangivame ukuthola cishe izincwadi eziyinkulungwane ngosuku, noma into ethile enjalo, futhi kube sezansi lapho, kuyokwehla kufinyelele emakhulwini ayisithupha, bese kuba amakhulu amahlanu, bese kwehla kube amakhulu amane, amakhulu amathathu, ikhulu, kuya emashumini ayisikhombisa nanhlanu, ndawondawo. Kwehlela cishe kanjalo, usuku, izincwadi ezingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ngosuku, mhlawumbe.

⁷³ Awu, ngacabanga, “Awu, ngiyamangala ukuthi kwenzekeni? Angazi njengoba ngenze noma yini. Uma ngifanele ngi—ngi, ngabantu, ngani, ngi—ngi—ngiyaxolisa.” Isizathu, ngacabanga, “Awu, anginayo... Angizithengisi izinto. Futhi into kuphela abantu abangibhalela yona wukuthola izindwangu zomkhuleko. Futhi asizithengisi. Sibanika zona. Ngakho, awu, Nkosi, mhlawumbe Ulungiselela ukuguqula izinto.”

⁷⁴ Ngaya eCalifornia, ngaya cishe—cishe izinkulungwane eziyishumi nanhlanu zamadola esikweletini, emhlanganweni. Futhi ngalobobusuku, ngenkathi ngihamba, ngacela uBilly ukuba angitshela. Futhi abantu abathandekayo ababewuxhasa, bawubhala waba ngaphansi, futhi wawukahle kakhulu, kakhulu. Kodwa kwakungesona isithembiso leso. Ngathembisa uNkulunkulu lokho engangizokwenza.

⁷⁵ Futhi ngenkathi umfowethu othandekayo engiyisa ekhaya ngalobobusuku, ngaphandle endlini encane engangihlala kuyo, Ngaphumela phezu kwentaba, ngingedwa, cishe ngehora lesibili ekuseni. Futhi sasizohamba sekuzogamanxa ihora lesine. Futhi ngakhuleka, nenyanga ikhanya phansi, ikhanya kakhulu. Ngiyakubona nje. Kwakuyikwindla edlule. Ngathi, “Baba waseZulwini, manje ngi—ngiyaphuma ensimini. Ngiya ekhaya. Futhi noma yini Ofuna ngiyenze kusukela manje kuqhubeke, Wena nje yembule kimi.”

⁷⁶ Futhi ngakho angikwazanga ukutshela uBilly nabo. Ngangingafuni ukubatshela, ngingafuni ukutshela umkami. Kodwa, “O,” ngathi, “Ngizobatshela lapho ngifika e-Arizona.” Awu, ngase-ke ngathi, “Ngizolinda ngize ngifike esifundazweni esidala esihle saseTexas, lapho umama wami avela khona.” Ngathi, “Ngizobatshela lapho.” Ngabe-ke sengifika lapho. Ngabatshela njengoba ngiza eJeffersonville, e-Indiana.

Awu, uBilly, wathi, “Babayi, kungcono uqaphele okwenzayo.” Wathi, “IBhayibheli alisho yini ukuthi, ‘Maye kimi uma ngingalishumayeli iVangeli?’”

⁷⁷ Ngathi, “Angizange ngisho lutho ngokushumayela iVangeli. Ngiqonde inkonzo yokuvangela.” Futhi ngathi, “Bheka, Billy,” ngathi, “UNkulunkulu unamadoda enkundleni, yonke indawo. Akangidingi phandle lapho. Ngingabuyela emuva ngiphinde ngithole umsebenzi wami futhi, futhi—futhi ngiye ekwaluseni, futhi ngeluse itabernakele, noma okuthize. Ngingahle ngehle, ngiqashe ithiyetha endala ezansi lapho, sibe nombuthano wamazwe ngamazwe wangeSonto ntambama, nokusakaza noma okuthize.” Ngathi, “Angikwazi ukuma, khona lapho nje manje, ngoba izindleko zami zigijima cishe ikhulu lamadola ngosuku, ekhaya. Ngakho, a—angikwazi, ngehhovisi lami nezinto.” Ngathi, “Angikwazi nje ukuvala thaqa, ngoba angikwazi ukukwenza.”

Futhi ngakho umkami wathi, “Billy, ngithemba ukuthi uyazi ukuthi ukhuluma ngani.”

Ngathi, “Awu, manje, nga—ngazi into eyodwa.”

⁷⁸ Ngenkathi ngiza lapha ngesinye isikhathi engqungqutheleni, engqungqutheleni, futhi niyayazi indaba, ngoba ngethembisa lomngane wami omncane othandekayo waseSweden lapha, uMfowethu Boze, ukuthi ngiyoza futhi ngimshumayele izinsuku ezimbili, eBandleni lasePhiladelphia, emva kokuba leyongqungquthela isiphelile. Futhi ngatshelwa, uma ngingakwenzi; uma bengingenza lokho, angikwazanga ukuba yisikhulumi. Ngingathatha ukukhetha kwami. Ngathi, “Ngizohlala nezwi lami.” Futhi ngaya kuMfowethu Joseph. Impela. Ngoba, ngizokwenza futhi. Umuntu ongeke aligcine izwi lakhe akalungile kakhulu.

⁷⁹ Yileyondlela engimthatha ngayo uNkulunkulu. Unikeza iZwi, futhi ngikholwa lonke iZwi laLo. Futhi uma EngayikuLigcina, Bekungeke kube nguNkulunkulu, kimi. Ngi...Ufanele agecine iZwi laKhe, ngiyakholwa. Futhi Uzokwenza, futhi ngiyazi Uzokwenza. Manje, khona-ke mina...

⁸⁰ Ngalobo busuku, ngalala lapho sifika ekhaya. Umkami wayekhala. Wathi, "Billy, ngesaba ukuthi wenza iphutha." Wathi, "Uyazi ngifuna ukuthi ube sekhaya nezinganyana kanye nami. Kodwa," wathi, "Bill, buka ukuthi sekwenzeni. Kuqale invuselelo yomhlaba jikelele, futhi angiboni ukuthi uNkulunkulu ubeyokungenisa kuphi, ngaphandle kwenkundla."

Futhi ngathi, "Awu, ngaMthembisa. Wathi..."

"Kodwa—kodwa—kodwa Akazange akutshele."

⁸¹ Ngathi, "Kodwa, ngaMthembisa. Niyabo? Yilokho kuphela. NgaMthembisa. Ngizogcina izwi lami kuYe. Uma ngizoligcina kubazalwane bami, impela bengiyoligcina kuMsindisi wami." Ngakho ngangena futhi ngalala kahle kakhulu ubusuku bonke.

⁸² Ngakusasa ekuseni, cishe ngehora lesithupha nqo, savuka. Futhi—futhi ngiyaphuma nje embhedeni. Wayengakwelinye icala. Ngavele ngahlikihla ubuso bami, *kanje*. Ngathi, "Awu, ngizoshayela iNkampani yezeMisebenzi yoMphakathi namuhla, futhi ngibuze ukuthi ngingaphinde ngiwuthole yini umsebenzi wami omdala." Futhi ngathi, "Uma benganginiki umsebenzi wami, uMnu. Wood ungusonkontileka, ngizovele ngihambe naye. Futhi mina naye sizophuma futhi sibhidlize izakhiwo ezithile, noma okuthize. Futhi ngangena emsebenzini, ngoba ngifanele ngiye emsebenzini. Futhi ngakho, ngoba lemali ifanele kuhlangezwe nayo, futhi nginesikweletu sezinkulungwane eziyishumi nanhlanu zamadola." Ngathi, "Khona-ke ngenzeni na? Ngifanele ngikukhokhele lokho, akunandaba ukuthi bakubhala ngaphansi kangakanani, ngizokukhokha ngukubuyisele. Kunjalo."

Futhi ngakho wathi, "Uzoshayela uMnu.—Mnu. Bar, kulokhu ukusa na?"

⁸³ Ngathi, "Yebo. Ngizomshayela ucingo ngimbuze ukuthi ngingawuthola yini umsebenzi wami futhi. Futhi uma yena... Uma lowo msebenzi, othile usewutholile manje, futhi akakwazi ukumnika umsebenzi ongcono," Ngathi, "khona-ke ngizovele nje... Ngizohamba noMfowethu Wood, futhi sizoya ekwakheni izakhiwo noma enye into ethize enye. Ngizomsiza." Futhi ngakho ngathi, "Uma ngiphuma ensimini, isizathu, lokho kuzomkhipha, futhi, futhi angabuyela ekwenzeni umsebenzi kasonkonteka, futhi singaya emsebenzini." Ngakho-ke njengoba...

Wathi, "Awu, nge—ngethemba ngempela ukuthi uyazi ukuthi ukhuluma ngani, Bill."

Futhi ngathi, “Awu, ngi . . .”

Futhi ngabheka. Eza, ehla esuka kusilingi . . . O, mhlawumbe mina nje . . .

Bengingalindele ukuthi uzokuqonda. Kodwa leyo yinto ukuthi, lapho sihlangani e . . . ubuso nobuso noJesu, uyoba . . . ? . . . eZwini.

Nakhu kufika okuthile, kuhamba. Ngibone abantwana ababili abancane, abanobuso obumnyama beza, behla, bedonsa inqola encane.

Ngathi, “S’thandwa, bheka, beza *lapha*.” Ngase ngihambile-ke.

Futhi wathi, “Ukhuluma ngani?” Ngangimuzwa, kodwa angikwazanga ukumphendula.

Nalababantwana abancane babehamba beza bebheke ngakimi, abancane, uhlobo lwezindlele ezinde; namnyama, amehlo amnyama; ubuso obunsundu, beza, beza kimi.

⁸⁴ Futhi nga—ngase ngibona-ke, ngaqala ukuhamba. Ngaqhubeka ngale kwabantwana, ngibone uMnu. Arganbright, umfowethu, owaya phesheya kwezilwandle kanye nami izikhathi eziningi, ngimbona emi lapho, engibuka. Ngaqhabeka, ngaya kuye.

Manje, ngisamuzwa umkami ehambahamba ekamelweni.

⁸⁵ Ngizokusho ngalendlela ukuze nizokuqonda. Angase angabi amazwi afanele, kodwa ukuze niqonde. Lelozinga elilodwa engangikulo, ngangiphumile ngase ngingena kwelinye. Angibange ngisamuzwa ehamba. Kwakungasekho.

⁸⁶ Futhi ngibone uMnu. Arganbright. Wayeyindlela yakhe encane engavamile, indlela abamba ngayo ikhanda lakhe futhi ethi ukumamatheka lapho engibuka. Futhi wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “sikhiphe amakhadi, yonke indawo. Futhi sinendlela yakho, ngena futhi uphume. Futhi konke sekumi ngomumo.”

Ngathi, “Kulungile, Mfowethu Arganbright, ngizohamba ngayiphi indlela na?”

Wathi, “Qhubeka nje.”

Ngaqhubeka ngahamba. Ngadlula kwabanye abefundisi.

Khona-ke, ngahamba ngaqhubekela phambili kancane. Ngangena odabeni olukhulu olubonakala kuyo yonke indawo, nazo zonke izinhlobo ze, kwakubukeka sengathi, kuhlalisa izinkulungwane zabantu.

Futhi kusenjalo ngezwa omunye ethi, “Umhlangano usukhishiwe.”

⁸⁷ “Awu,” ngathi, “ubani owukhiphile na? Kwenzeke kanjani ukuba ukhishwe na?” Futhi bengixoxa. Ngathi, “Ukhishweleni na? Kwenzekeni na?” Futhi kwakuyimvula ekhemezayo.

Futhi iNto ethize yathi kimi, “Ngalokhu uzokwazi.”

Futhi-ke ngathi, “Awu, angi . . .”

⁸⁸ Futhi-ke ngangena, ngiqhubekela phambili embonweni. Futhi ngenkathi sekwenzile, ngangimi kanye, niyazi, isicathulo sengane encane, cishe enonyaka ubudala. Niyazi, izimbotshana ezincanyanyana; hhayi ibhuzi, kodwa i— isicathulo. Futhi ngangine—intambo esandleni sami, ngizama ukhlanganisa le mbobo encane eyesishiyagalombili-eyintshini kulembobo, ngentambo engaba uhhafu we-intshi. Ngisebenza ngokuzimisela, ngizama ukuphusha leyo ntambo idlule, leyo ntambo enguhhafu we-intshi, ngembobo eyisishiyagalombili-eyintshi. Futhi ngangigqabula imicu yonke indawo, intambo, ngizama ukuyiphusha idlule kanjalo. Futhi kwakungeke nje kukwenze. Futhi intambo yayinqamuka yonke, ekugcineni.

⁸⁹ Ngakho, ngaleso sikhathi nje ngezwa Othile ethi, emva kwami, “Awuqondi ukuthi awukwazi ukufundisa izingane izinto ezingaphezu kwemvelo na?” Ngaqalaza. Futhi Kwakungemva kwami. Futhi ngaliqonda leloPhimbo. Wathi, “Usebenzisa iphethelo elingesilo lentambo.”

⁹⁰ Ngase ngibuka phansi ekugcineni kwentambo elele kwiphansi, inqwaba yentambo, futhi yayiboshelwe phansi yaba yi-intshi lesishiyagalombili elihle, ukuze idlule embotsheni. Ngathi, “Ngiyaqonda.”

⁹¹ Futhi lapho ngifinyelela ukucosha intambo, ngaphinde ngathathwa futhi. Manje, makani phansi lokhu. Kubhekisiseki kufezeka. Niyabo? Futhi lapho sengi—ngiqale ukufinyelela phansi, ngase ngihambile futhi. Khona-ke, lapho sengifika e, ngangimi eceleni kwechibi elihle, into ethile efana nechibi lenu phandle ngesikhathi sasehlobo lapho lilihle ngempela futhi liluhlaza satshani. Futhi kwakukhona abadobi nxazonke zechibi, futhi babedoba, kodwa babebamba izinhlanzi ezincane. Ngase ngibuka echibini, nalezo ezinkulu, izinhlanzi ezinhle amathrawuthi othingo lwenkosazane phandle lapho, ngase ngithi, “Ngiyazi ukuthi lo ngumbono, kodwa angiziqondi lezo zinhlanzi amathrawuthi. Kodwa,” ngathi, “uyazi, ngiyakholwa, phansi ngqo enhliziyweni yami, ngingazibamba lezo.” Ngakho, ngacosha intambo, kodwa, esikhundleni sokuba ibe intambo, kwakuyinduku yokudoba.

⁹² Futhi ngaleso sikhathi nje, Lowo osemva kwami wathi, “Manje Ngizokufundisa ukuthi kudotshwa kanjani, ukuthi zibanjwa kanjani lezo.” Futhi ngakho Wathatha . . . Futhi Wathi, “Bopha isicupho.” Futhi ngaqhasela isicupho. Wathi, “Manje phonsa phandle le,” manje lalelisani, “phandle le ekujuleni.” Futhi Wathi, “Lapho wenza, manje yeka isicupho sicwile phansi,

kuqala. Bese-ke,” wathi, “isidonse kancane.” Manje, lokho yindlela-su yabadobi ngempela. Ngakho ngi. . .

⁹³ Wathi, “Khona-ke, lapho wenza, manje, uzozwa kudla kuso, kodwa ungatsheli muntu ukuthi wenzani. Kugcine kuwe.” Futhi wathi, “Khona-ke lapho u—lapho uzwa kuphinda kudla futhi,” wathi, “donsa kancane nje, kancanyana, kodwa hhayi kanzima kakhulu,” Wathi, “futhi-ke kuzosidonsa sisuke enhlanzini encane. Futhi lapho zihlakazeka, lokho kuzodonsa ukunaka kwenhlanzi enkulu, futhi zizosibamba.” Futhi wathi, “Yileyo ndlela ozoyibamba ngayo.” Wathi, “Khona-ke, lapho ziluma, okwesithathu, setha ihhuku lakho ukuze li—libambe.”

Futhi ngathi, “Nginyaqonda.”

Wathi, “Kodwa yiba ulokhu unganyakazi. Ungatsheli muntu. Unganyakazi.”

Futhi ngathi, “Kulungile.”

⁹⁴ Futhi ngangiphethe isicupho esandleni sami. Futhi bonke laba badobi baba abefundisi, bafika bonke, bethi, “Mfowethu Branham, ngiyazi ungayibamba inhlanzi.”

⁹⁵ O, kusobala, lokho kungenze ngazizwa ngikahle ngempela. Ngathi, “O, yebo, ngingumdobi. Ngiyakwazi ukubamba inhlanzi.” Futhi wathi. . . Ngathi, “Manje, nansi indlela owenza ngayo.” Futhi ngathi, “Uyiphonsa phandle le.” Ngase ngiya le ngaphandle, ngangena e—emanzini ajulileyo. Ngathi, “Manje, lezozinhlanzi ezincane zilungile, bazalwane, kodwa sifuna ezinkulu, futhi.” Futhi ngangi. . . vumela. . . Ngathi, “Awu, niyabo, lapho lishona phansi, manje bonani, nakho la kukhona, cishe lapho nje okufanele kube khona, manje, bonani kukhona, bonani, lapho—lapho, lezo yizinhlanzi ezincane.” Ngathi, “Manje, lapho lusetha futhi. . .”

⁹⁶ Ngikunikeza ukudlukuza okukhulu, futhi, lapho sengenzile, ngakhipha sonke isicupho emanzini. Futhi lapho sengenzile, ngabamba inhlanzi, kodwa ngazibuza ukuthi ize yasithola kanjani isicupho emlonyeni wayo. Isizathu, kwakubukeka sengathi isikhumba savele sanwebeka phezu kwesicupho, cishe ubukhulu obufanayo besicupho. Futhi ngacabanga, “O, he!”

⁹⁷ Futhi ngaso lesi sikhathi, Lona Owayekade ekhuluma, emva kwami, wama ngaphambi kwami. KwakunguYe, iNgelosi yeNkosi. Wayesonge izandla zaKhe. Wangibuka, wathi, “Lokho nje eNgikutshela ukuthi ungakwenzi!”

Futhi ngathi, “Yebo. Kunjalo.”

⁹⁸ Wathi, “Uyabo, lowoMdonso wokuQala wawungenkathi wawuvame ukubeka izandla zakho phezu kwabantu futhi ubatshela ukuthi kwakuyini inkathazo yabo.” Wathi, “UMdonso wesiBili wawungenkathi wazi izimfihlo zenhliziyo, njengoba Ngakutshela.” Futhi wathi, “Esikhundleni sokuthi ugcine lokho kuwe uqobo, uzame ukuchaza konke ngakho, futhi utshela

abantu. Futhi ngenkathi sewenzile,” wathi, “ubungazi lutho ngakho, wena uqobo. Futhi ungakuchaza kanjani na? Futhi ubangele isigejane esikhulu sokulingisa kwenyama ukuthi kuvuke, futhi uyakubona okwenzile.”

Futhi ngathi, “Nkosi, ngiyaxolisa.” Futhi nga-ngathi, “O, ngiyaxolisa kakhulu! Angazi ukuthi ngenzenjani.”

⁹⁹ Futhi ngangidonsa usinga, *kanje*, futhi ngangizama ukuqondisa usinga lwami. Futhi Wangibuka, wathi, “Manje, ungaxabanisi usinga lwakho, ngalezi unhlobo lwezikhathi.”

¹⁰⁰ Ngacabanga, “Mhlawumbe Uzongipha okunye ukuzama futhi.” Futhi ngangi. . . Ngathi, “Ngizoqaphela impela.” Futhi ngangisonga usinga lwami, ngalubona luhamba kahle.

¹⁰¹ Kwase kuthi-ke lapho Eshesho lokho, ngaleso sikhathi nje ngazizwa ngikhuphukela phezulu, phezulu kakhulu. Futhi ngenkathi sengihlezi phansi, ngase-ke ngingaphansi, futhi ngimi ngaphezulu, itende elikhulu. Angikaze ngilibone itende elinje!

¹⁰² Futhi ngangisanda kwenza ukubizela e-altare, kubonakala sengathi, ezansi e-altare. Futhi ngenkathi ngiphansi lapho, ngabheka, futhi kwakukhona amakhulu abantu emi ezungeze i-altare, ekhala izinyembezi, ngoba babemukele iNkosi uJesu. Futhi babekhala izinyembezi nje, bezwakala kakhulu. Futhi ngathi, “O, lokho kufana kakhulu nakho, kanjalo.”

¹⁰³ Futhi umnumzane ohloniphekile inomusa ngempela waphuma waya emsamo, wathi, “Ngenkathi uMfowethu Branham esaphumule, imizuzwana embalwa nje,” wathi, “sizobiza umugqa womkhuleko.” Futhi wathi, “Wonke umuntu onamakhadi omkhuleko aqala ngenombolo *ethize*, ame ngale, aqhubekele kwesokudla.” Awu, ngawuqaphela umugqa womkhuleko, kwakubonakala sengathi kwakuzungeze lonke itende, nangaphandle, futhi kwehla ngesitaladi. Umugqa womkhuleko onjalo!

¹⁰⁴ Ngase ngibuka ngale, okwakungakwesokunxele sami ngaleso sikhathi; futhi lokho bekungaba kwesokudla sami, ukuba bengimi emsamo, bekungaba ngaleyondlela. Kukhona uphisi woseyili onwetshiwe lapho. Futhi ngemuva kwaloseyili kwakukhona isakhiwo esincane, esiyisikwele, cishe amafidi ayishumi nambili ukuvundla namafidi angamashumi amabili ubude, into ethile enjalo. Awu, ngama ngabuka lokho.

¹⁰⁵ Futhi ngababona benyusa inenekazi, lisohlakeni. Futhi kwakukhona inenekazi lapho lithatha igama lalo nezinto, ne. . . e-ephepheni. Futhi ngakho kukhona ofikayo futhi walithatha, futhi waliphusha ladlula. Nendoda elandelayo yadlula, yayinezinduku zokuqhugela. Ngiyababona bedlula kuleso sakhiwo esincane.

Futhi ngaphandle, inenekazi laphuma, limemeza kakhulu, lifuqa loluhlaka. Futhi i. . .

Khona-ke kwakukhona elinye inenekazi ngakolunye uhlangothi, lalibukeka njengowesifazane onezinwele ezimnyama, lase lithi, “Kwenzekeni na?”

¹⁰⁶ Lathi, “Angazi nje.” Lathi, “Angikwazi ukukutshela ukuthi kwenzekeni.” Lathi, “Sengineminyaka engamashumi amabili ngikhubazekile. Futhi, bheka, ngi-ngizizwa sengathi a—a—angikaze ngigule.”

Futhi khona lapho nje, nakho kuphuma indoda, igxumagxuma futhi igxuma, inezayo—inezayo izinduku zokuqhugela esandleni sayo. Futhi nga—ngakubuka lokho. Futhi ngaleso sikhathi nje. . .

¹⁰⁷ Manje, nakhu okuthize. Qaphelisisani. Kunomehluko phakathi kweNgelosi yeNkosi nalokho kuKhanya. Ngoba, ngezwa into ethize enyakazayo, njengoba Yenza lapho Ifika lapha emsamo, ebusuku, okuthi ukufana no “Whewu! Whewu! Whewu!” nanjengoMlilo ophephukayo, amalangabi akhothayo. Futhi Kwangishiya, futhi Kwehla ngqo ngale phezu kwalezozethameli, futhi kwahamba futhi kwema phezu kwesiqongo saleso sakhiwo esincane, kwase-ke kuhlala phansi esiqongweni saso. Kwase kuthi-ke, ngenkathi Kwenzile, Lona owayemi eduze kwami, emva kwami, iPhimbo elifanayo, iPhimbo leNgelosi, Wathi, “Ngizohlangana nawe lapho. Futhi lona nguMdonso wesiThathu, kodwa akukho-muntu oyokwazi lutho ngawo.”

Futhi ngathi, “Awu, angiqondi. Kungani lapho na? Kungani lapho na?”

Wathi, “Ngeke kube wumbukiso womphakathi, kulesi sikhathi.”

Futhi ngathi, “Angiqondi, ngingena kulelo gumbi elincane kanjalo.”

¹⁰⁸ Futhi Wathi, “Akulotshiwe yini yiNkosi yethu, ‘Lapho ukhuleka, ungabi njengabazenzisi abathanda ukuzwakala phambi kwabantu. Kodwa ngena egumbini elincane elisithekileyo ukhuleke kuBaba obona ekusithekeni; futhi Lowo obona ekusithekeni uyokuvuza obala?’” Kuphelele emBhalweni. Ngaso sonke isikhathi, kunjalo.

Futhi ngathi, “Ngiyaqonda.”

¹⁰⁹ Wayesengithatha wangiyisa kulendawo, wase engihlalisa phansi kulelikamelo engangikulo. Wase-ke engitshela ukuthi ngenzeni okwesithathu. Manje, bangane abangamaKristu, lokho kuzoba, lapho ngishiya lomhlaba, lokho kuzobe kusesesifubeni sami. Lapho ngi...Kodwa, makani amazwi ami, ukuthi kuzokwenzekani.

Lapho, lokho—lokho kwakuyizinyanga ezinhlanu ezedlule, izinyanga eziyisithupha manje, futhi sasingazi nokwazi ukuthi siyoke siye e—ezansi lapha eMexico.

¹¹⁰ Kodwa ngacabanga ukuthi ngangiya ePhoenix. Nomngane wethu othandekayo nomfowethu okhulekela abagulayo, uMnu. Allen, wangena lapho. Wathi, “Qhabo. Ngizohlala lapha, ngakho ngeke ngihambe ngaleyo ngxenye yenyanga.” Awu, ngangingeke ngingene ngalesosikhathi, nomfowethu phakathi lapho. Ngangingeke nje ngikwenze lokho. Ngakho, angimazi uMfowethu Allen, kodwa nokho wenza phandle lapho emsebenzini weNkosi. Ngakho ngi... Bathi, “Qhabo. Wayezohlala.” Ngathi...

¹¹¹ Awu, abazalwane bangibiza, i—inhlango lapho, iqembu labefundisi. Okungukuthi, ngangifanele ngithathe indawo kaMfowethu Roberts ngenkathi eye e-Australia. Ngathi, “Awu, lokho kulungile. Uma benomuntu mumbelapho, uMfowethu Allen ekhulekela abagulayo, angizukuya. Lokho bekungeke kube ubuzalwane.” Ngakho ngathi, “Kulungile.”

NoMfowethu Arganbright wangibiza, ezinsukwini ezimbalwa kamuva, wayesethi, “Mfowethu Branham, ngikhulume no...UMfowethu Moore. Kungani ungehleli eMexico na?”

Ngathi, “O, uBaron von Blomberg nabaningi babo bazamile ukungiyisa eMexico. Anginandaba ngokwehla.”

Ngathi, “Ake sibe nomhlangano waseMelika ndawana thize.” Ngathi, “Ngangifuna ukubeka lelothende lapho, ngokokuqala ngqa.”

Futhi wathi, “Awu, kungani ungangeni eMexico na?”

Ngathi, “Awu, kulungile. Ngizo... Bonani ngakho.”

¹¹² Ngakho kwakukhona enye indoda ezansi lapho. Futhi waphinda washaya ucingo, wathi, “Umhlangano wonke umiselwe izinsuku ezifanayo.” Futhi wathi, “Sinakho ngaphakathi kwehholo elikhulu elikhulukai elikhulu ezansi lapho.”

¹¹³ Futhi ngalobobusuku, ngangisezansi kwaMnu. Wood. Ngacabanga, “Uyazi, kunjalo. ‘Izingane ezincane, ezinobuso obumnyama, zibukeka njengamaNdiya,’ uyilokho umbono.” Ngase ngithi, “Kodwa, into exakayo, bekufanele kube indawo ebonakala yonke indawo, nokuthile mayelana noku ‘khulula.’” Ngakho-ke lapho thina...

¹¹⁴ Ezinsukwini ezimbili kamuva, uMnu. Arganbright washaya ucingo wayesethi, “Mfowethu Branham, sinenkundla enkulu yenkunzi. Futhi uhulumeni waseMexico uyakungenisa, ngokokuqala ngqa emlandweni waseMexico ukuthi umuntu ongenyena umKatolika wake wangeniswa nguhulumeni.”

Ngakho ngathi, “Kuhle kakhulu lokho.” Ngakho ngathi, “Manje kukhona into elungiselela ukwenzeka.” Ngathi, “Sinenkinga ezayo.”

115 Futhi niyazi, ngenkathi sehlela eMexico futhi sazilungiselela, futhi saphumela enkundleni yenkunzi, othile. . . Lana, emgwaqeni ophumela lapho, futhi othile wayeyikhiphile leyomihlangano. Futhi abazi ukuthi ubani okwenzile, okwamanje. Kunjalo. Kunjalo impela.

116 Ngabe-ke sengibuyela ekhaya, ngandiza ngabuya ngosuku lwesibili. Asikwazanga ngisho. . .UMfowethu Moore wathi, “Mfowethu Branham, ngizo—ngizothola.” Futhi asikwazanga ngisho nokuthola umfundisi, ndawo. Futhi akekho owayazi utho ngakho. Futhi uMfowethu Moore wathi, “Uma ngi. . . Mfowethu Branham, kakhulu njengoba nje ngikulandela, ukuba bengingakaze ngikukholwe kuze kube yilesisikhathi, impela bengizokukholwa manje.”

Futhi ngathi, “Kulungile lokho.” Ngakho, sibuyela phezulu.

Ngase ngizwa uMnu. Arganbright wayesindleleni yakhe ezongibona.

117 Ngaphuma ngiyokhuleka emhumeni wami, futhi ngibuze eNkosini ukuthi yini. Yangikhombisa omunye umbono. Yathi, “Izinhlanzi ezifile.” Yayilele, futhi Yangitshela ukuthi kwakuyini. Yathi, “Buyela emuva. Kodwa lesi akusona ngempela isikhathi, kodwa ngizosibusisa.”

118 Ngabuyela emuva ezansi lapho, futhi ndawondawo cishe abangamashumi amane, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu beza kuKristu. Ingane efile yavuswa kwabafileyo, futhi kwenzeka izinto ezinkulu.

119 Manje ngilinde ihora. Ungacabanga ukuthi lokhu kubonakala kukuncane kangakanani manje, ukuthi lezizinto ziyenzeka, lezizinto ezinkulu esezivele zenzekile.

120 Ngobunye ubusuku, mina, ngingazi. . .Bangaki ababeseBandleni laseFiladelfiya ngenkathi bengizwa ngisho kumuntu othize, “Aqalekiswe umuntu ophakamisa amehlo ngesikhathi ngisakhulekela lo wesifazane oyimpumputhe?” Yilokho engangikwenza. Niyabo?

121 INkosi ilungiselela ukuvakashela abantu baYo, kwenkulu, into ethize emangalisayo, bangane. Futhi benginga. . .Kufanele kube yimfihlo enhliziyweni yami uqobo. Kodwa njengoba ningazi, futhi niyangikholwa, futhi niyangithanda, futhi niyangihlonipha njengenceku kaNkulunkulu; khumbulani nje, ngiyanitshela, isibusiso sisindleleni, kunjalo, siyeza. Futhi ngeke sibe buthakathaka. Ngeke kusangenza ngibe buthakathaka. Futhi kuzoba ngaphezulu kakhulu kwanoma yini eyake yenzeka lapha noma nganoma yisiphi esinye isikhathi. Yinto nje iNkosi ekunikezile. Futhi ngiyafuna. . .

122 Lokho kungenza ngibe i—ikholwa emseni. Emva kokuba sengikwenzile, nezinto engangizenzile, nendlela engangenze ngayo, futhi ngalahla phambi kukaNkulunkulu, futhi nokho,

lapho uNkulunkulu ekhuluma noma yini futhi enze i... Uzokwenza, noma kanjani. Amen.

¹²³ UMose wabulala umuntu, ngesinye isikhathi. Kodwa uNkulunkulu wayezimisele. Wamgcina emuva lapho ngemuva kogwadule, iminyaka engamashumi amane, kodwa wathatha u-Israyeli wamyisa ezweni lesethembiso.

¹²⁴ Akamangalisi yini na? UnguNkulunkulu ofanayo namuhla Ayenguye ngaleyonkathi. Futhi, bangane, ngisho lokhu kini, nonke nina makholwa angamaKristu, kungakhathaleki ukuthi uya kuliphi ibandla.

¹²⁵ Phansi ezitudiyo, ngolunye usuku, kwakukhona indoda. Ngangikhuluma nayo, indoda ekahle kakhulu nomkayo, lapho uMfowethu Boze nami sasiqopha khona ukusakazwa. Futhi yayingixhawula futhi ikhuluma. Futhi ngathi... Awu, i—imthanda kakhulu uMfowethu uJoseph. Ngathi, “Ingabe wena... Uya ebandleni lakhe na?”

Yathi, “Qhabo. NgiyiMethodisti.”

Ngathi, “Awu, ungathethelelwa ngalokho.” Futhi ngakho ngivele ngiyidlalisa, kunjalo. Futhi ngathi, “Bengiqhubeka nje, kuwe.”

¹²⁶ Ngathi, “Bheka, mfowethu, ngangivame ukugibela kancane. Futhi ubaba wayengumgibeli.” Futhi ngathi, “Phezulu eHlathini lase-Arapaho, lapho sasiklabise khona izinkomo,” Ngathi, “bona... Akukho okungafika kulolohlu ngaphandle kweHereford yohlobo oluphelele, ngokuphelele. Umqaphi umi othangweni olushushumbisayo futhi ngeke avumele lutho ukuba kudlule ngaphandle uma kungebhalsiwe, uhlobo lweHereford.” Futhi ngathi, “Abanye babo bangena lapho neLazy J, ezinye ziza ne-Bar W, ezinye ne-Circle R, ezinye ne-Tripod. Zibizwa ngamagama ehlukene, kodwa zonke zingamaHerefords ohlobo.” Kunjalo.

¹²⁷ Kungaleyo ndlela-ke. Singahle sibe yiMethodisti, iBaptisti, *lokhu*, noma *lokho*, noma *okunye*. Kodwa inqobo nje uma ungumKristu wohlobo, ngamandla kaMoya oNgcwele, yilokho kuphela okungangena edlelweni, eSibayeni. Ngoba, “NgaMoya munye sonke sibhaphathizwa eMzimbeni munye.” Futhi siba ngabantu ababodwa, iBandla elilodwa, nombono owodwa nenjongo eyodwa: ukudumisa uJesu Kristu siselapha emhlabeni. IZulu elilodwa! Ingabe lokho kunjalo na? Futhi sibonga kakhulu ngalokho.

¹²⁸ Manje sengidlulile isikhathi sami, sokukhuluma nawe, ngoba ufanele usheshe ubuye ngemva esikhashaneni nje. Kodwa bangaki abathanda inkulumo yenhliziyo nenhliziyo na? Nibonakala ngathi ni—niyakuqonda. Besingakhuluma amahora ngamahora.

“Futhi manje,” uma kungukuthi, “Mfowethu Branham, ungangichazela lokhu na?” Angikwazi. Ngifisa sengathi ngingakwazi, kodwa angikwazi. Akunakwenzeka.

¹²⁹ Awukwazi ukuchaza izinto ezingaphezu kwemvelo. Futhi lapho uzama ukukwenza, kunjengoba Angitshela nje, ubangela ukuqhathanisa kwenyama kukhuphuke. Niyabo? Uyakwenza. Kuyiqiniso nje. Kuzokwenza lokho. Futhi kuyi—kuyisithiyoy eMzimbeni kaKristu. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ku—ku—kubangela ukungqubuzana.

¹³⁰ Manje, into okufanele yenziwe ukuba neqiniso enhliziyweni yakho, uthande iNkosi ngayo yonke inhliziyoy yakho, futhi nje ubonge ukuthi uNkulunkulu umasha kanye nathi, iNkosi evukileyo uJesu Kristu.

¹³¹ Futhi ngisho lokhu, futhi ngenza lokhu kubikezela. Angikusho eGameni leNkosi, manje. Ngiyakusho, njengomfowenu. Ngiyakubikezela lokhu. Futhi lalélisisa. Ngibikezela ukuthi iMelika, kulonyaka, i-United States, kulonyaka, kuphakathi kokuthi izokwamukela uKristu noma izoqala ukuwa, kusukela kulonyaka. Ya. Lesi yisikhathi seMelika sokuphenduka. Futhi uma ingakwenzi... Ngikubikezele lokho, ngiyacabanga, cishe kuJanuwari ziyi 15 noma ziyi 16 kulonyaka, ngizwa nje ngiholeleka ukuba ngikusho. Futhi khona... Ngibambebele kukho.

¹³² Futhi ngabuka amasondo ekhuphuka. Ngiqaphela omkhulu, umvangeli odumile, uBilly Graham, ubuya phesheya kwezilwandle futhi wahlela imihlangano yakhe, eNew York nalezi zindawo ezinkulu, ukushaya khona impela esikhungweni semizwa, nokunye nokunye. Futhi ngiyakubona lokho, uMfowethu Roberts uxoshiwe ezweni langaphandle. UMnu. Arganbright ufuna mina, emva kukaJuni, kanye nabo, ngihamba ngingene eJamane, emuva ezansi eNingizimu Afrika futhi ngidlule lapho, kodwa kukhona okungibambile ukuya eMelika. Futhi konke okunye kubonakala kuyindlela efanayo.

¹³³ Futhi ngikholwa ukuthi iMelika izothola ukubizwa kwayo kokucina, kulonyaka. Kunjalo. Bengingeke ngilokothe. Bukani *lapha* emateyipini ezansi *lapha*. Angase adlalwe eminyakeni engamashumi amabili kusukela namuhla. Niyabo? Ufanele ubheke ukuthi ukhuluma ngani, ubhekisise ukuthi uthini. Kodwa ngiyakukholwa lokho. Manje, iNkosi ayingitshelanga lokho. Kodwa ngiyakukholwa lokho, ukuthi iMelika kuphakathi kokuthi izomemukela uKristu noma izoMenqaba, ngokuphelele, kulonyaka. Futhi ngiyabikezela ukuthi bazoMenqaba. Ngiyakwenza.

¹³⁴ Bukani ukuthi benzani ezansi eFlorida, kuJack Coe. Bhekani ukuthi benzani, yonke indlela. Bebengake benze kanjani...? Lokho kuphambene ngisho nomthethosisekelo, ukuxosha

indoda esizweni. Sinenkululeko yokukhuluma. Impela, sinayo. Kodwa bazo. . .

¹³⁵ Okokuqala niyazi, bazozama ukukumisa konke lokhu. Bazozama ukuyeka ukukhulekela abagulayo, futhi babeke ukuthi “kunqatshelwe” kukho. Futhi khumbulani lokho nje: lapho kuvuka ukuhlushwa, iBandla, Lifika eKuphakameni kwaloiompela ngaleyonkathi. Lihlala likwedlula konke. Yebo, mnumzane. Futhi uNkulunkulu ukusebenza konke ndawonye.

¹³⁶ [Umfowethu uthi, “Amen. Udumo kuNkulunkulu! Amen. Amen. Amen. Amen. Futhi udumo kuNkulunkulu!”—Umhl.] Makabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba!

¹³⁷ [Odade ababili bakhuluma ngezilimi ngesikhathi esisodwa—Umhl.] Funani ukuhunyushwa manje, nibone ukuthi Uzothini kithi. [Odade ababili baphinde bakhuluma ngezilimi ngesikhathi esisodwa. Akuqoshwanga eteyipini.] . . . futhi kunjalo.

¹³⁸ Kukhona incazelo ezolandela lokhu manje. Wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela. Nenenekazi lakhuluma, noma ngabe kwakungubani. Lalelisisa ngempela. Makuthi labo abaziyo, manje, niyabo. [Udade uqala ukukhuluma ngolunye ulimi—Umhl.] Shi, shi, shi, shi, shi! [Udade uyaqhubeka ekhuluma ngolunye ulimi, kuyilapho omunye udade ehumusha ngesikhathi esifanayo.]

¹³⁹ Amakhanda enu ekhotheme, nikuzwile lokho kuhumusha. Bangaki lapha abafuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi womuntu siqu, ukuze akhunjulwe emkhulekweni na? Ningaziphakamisa izandla zenu phezulu impela nje manje na? Phezulu kakhulu, ukuze sibone ukuthi ungubani, phezulu kakhulu.

Sithola indlela encane kwi-ogani, uma uthanda, imizuzwana embalwa.

¹⁴⁰ Usakhothamisa ikhanda lakho manje, futhi kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kuyilapho iphimbo lishilo ukuthi leli bekuyiQiniso. Uma uke wangena, woza manje.

¹⁴¹ Baba wethu waseZulwini, siyakhuleka ukuthi eGameni likaJesu Kristu, ukuthi, njengoba uMoya waKho uhamba phezu kwalesi sakhiwo manje. Namaphimbo aphuma athi lesi bekuyisikhathi, leli yihora. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi, ngibona zonke lezozandla eziphakamile. Abanye, mhlawumbe izandla ezingamashumi amathathu noma ngaphezulu, zenyukele emoyeni khona manje, ukwemukela uKristu njengoMsindisi wabo siqu; zizwa uMlayezo, zazi ukuthi sisesikhathini sokuphela.

¹⁴² Le mililo yemvuselelo ivutha kuwo wonke amagquma. UNkulunkulu wethembisa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi Uyovusa lezizinto, ukufakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu,

naphakathi kwethu nokwenza lokho obekulungile, futhi ekhombisa izibonakaliso ezinkulu nezimanga phakathi kwabantu, ukuthi izimpumpethe ziyobona, izithulu ziyozwa, futhi kuzoba nezinkonzo ezinkulu ezingaphezu kwemvelo eziqhubekayo. Futhi namhlanje, Nkosi, siphilela ukukubona.

¹⁴³ Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi bonke balaba abampofu, abantwana abathandekayo abaphakamise izandla zabo khona manje nje, ukuthi bebefuna ukwamukela Wena njengoMsindisi womuntu siqu, ukuthi Uzobasindisa esonweni. Siphe khona, Nkosi.

¹⁴⁴ Futhi ngiyakhuleka, futhi, ukuthi sisekulomnyakazo omkhulu njengamanje, ukuthi uMoya oNgcwele uzogcwalisa yonke inhliziyo, kabusha. Basa umlilo omusha, Nkosi, emiphefumulweni yabo. Kwangathi bangaphuma nentshiseko, ngemva kokuzwa; kwathi lapho leloZwi selikhulunyiwe, ukuthi isizwe sethu esisithandayo singasenqaba isithembiso.

¹⁴⁵ O Nkulunkulu, imibuso emikhulu izowa. Yonke into efayo ifanele idedele ukungafi, O Nkulunkulu, njengoba sikubona lokhu. Simi ngaleya emanxiweni asendulo aseRoma, sibona lapho lelozwe elikhulu, lenkosi enkulu ngelinye ilanga lama njengendawo eqhakazayo yomhlaba, indawana ekhanyayo kunazo zonke emhlabeni. Futhi, namhlanje, umba amafidi angamashumi amabili ngaphansi komhlabathi, ukuthola izinsalela zombuso omkhulu. Ngaleya, phakathi lapho ithempeli lake lama khona, kumi iMoslem ka-Omar. Eziningi zezinto ezinkulu, izizwe ezinkulu, u-Alexander the Great omkhulu, neGrisi, nezinye izindawo eziningi, ukuthi imibuso iwe kanjani!

¹⁴⁶ Nkulunkulu, sibona isisekelo sesizwe sakithi sibhidlika, ngenxa yokwenqatshwa kweVangeli. Ngenkathi amadoda amakhulu eshanele lesisizwe, ekamisisa yonke indawo, imibiko yeVangeli yaphuma; umoya ofana nokaJohane umBhaphathizi, engenzi izimangaliso noma engasho lutho ngezimangaliso, kodwa washanela isizwe nya. Khona-ke amandla kaJesu okwenza izimangaliso akulandela, njengoba enza uJohane, futhi namanje isizwe sakithi, iwiski, ugwayi, amaklabhu asebusuku, isono siqwebelana nxazonke. Impucuko yethu enkulu iyawa, iyawa. Konke kufanele kuhlehle. Yonke lemibuso imelwe ukuwa, ukuze uMbuso kaNkulunkulu umiswe, ngokukhazimula kwawo, futhi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane esikhulu singena endaweni.

¹⁴⁷ Ukubona isihlahla esidala, lapho kanye, eminyakeni embalwa edlule, njengomfana, kwahlala khona; kuyilapho amagatsha awo amakhulu, asebukhosini, ngangicabanga ukuthi lesosihlahla sasiyoba lapho amakhulu eminyaka. Futhi namuhla isihlahla esesoma, sazi ukuthi zonke izinto ezifayo zifanele zihambe.

¹⁴⁸ Mina, futhi, Nkosi, ngake ngaba yinsizwa, ngizibona ngihlehla manje, ngifinyelela esiqongweni somugqa ngaleya, ukubona ukushona kwelanga. Namuhla, izimpunga eziningi zikhothome kulesisakhiwo, lapho zake zaba yizinsizwa ezinamandla, ezibukekayo. Abesifazane abaningi ubuso babo bukhothome, imibimbi, futhi manje izinyembezi zinquma indlela yezinyawo yombimbi ebusweni babo eyayikade ithandeka futhi iyinhle njegezintombi. O Nkulunkulu! “Yonke inyama injengotshani.” Ukuphela kuseduze.

¹⁴⁹ O Kristu kaNkulunkulu, yemukela lababantu abampofu eMbusweni waKho. Ngolunye usuku, ngifanele ngime Ngaleya e—esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, futhi ngilandisa ngenkonzo yami, ngilandisa ngalezizinto Ongivumele ukuba ngizenze, Nkosi, phakathi kwabantu, ukumemezela ukuvuka kweNkosi uJesu. Nkulunkulu, ngifanele ngiphendule ngalokho. O Nkulunkulu, shisa intshiseko phansi enhliziyweni yami, kakhulu nakakhulu, nokuhlakanipha, ukuze ngazi ukuthi ngibaholela kanjani abantu eNkosini uJesu.

¹⁵⁰ Namuhla, Baba, Wena wethembisile eZwini laKho eliNgcwele, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade; futhi akasoze eze ekulahlweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.”

¹⁵¹ Izandla eziningi ngaphesheya lapha ziphakamile, Nkosi. Abantu abaningi abampofu, abalahlekile, abaningi babo bahlubuka futhi baphuma endleleni. Nkulunkulu, siphe lokho, ngalomzuzu nje, ukuthi uMoya oNgcwele ufakaza ukuthi lezizinto ziyiqiniso, ukuthi sisesikhathini sokuphela, futhi bayabona ukuthi ngolunye usuku bafanele badlule. Kwangathi bangemukela uKristu khona manje, sisakhothamise amakhanda ethu.

¹⁵² Ngabe ukhona phakathi lapha manje, ongakaze aphakamise isandla sakhe ekubizeni kokuqala na? Ungasiphakamisa isandla sakho manje na? Futhi uthi, “Ngifuna ukwemukela uKristu, ngalesikhathi, njengoMsindisi wami.” Ungakwenza na? Omunye umuntu na? Lowo ongakaze . . .

¹⁵³ Niqaphelile ukuthi uMlilo wasishaya kanjani isakhiwo ngenkathi leloZwi liphuma na? Niyabo? Ngiyakholwa, mngane. UNkulunkulu akubusise, mngane wami osemusha, nsizwa uphakamise isandla sakho. Nkulunkulu, mnike umfowethu. UnokuPhila okuPhakade ngokukholwa eNkosini uJesu.

Ngiyazibuza, kuvulandi osesitezi ndawana thize na?

¹⁵⁴ Uma sibona ukuthi uNkulunkulu wethembisa lezizinto, silapha ukuzibona zifezeka. Siyazi ukuthi uNkulunkulu wakuthembisa. Futhi noma yini uNkulunkulu ayithembisayo, uNkulunkulu ubophezelekile ukuba akwenze.

¹⁵⁵ Ingabe kuzoba khona omunye na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngiyasibona isandla sakho. Ingabe omunye

angasiphakamisa isandla sakhe na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngiyasibona isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. Ngiyasibona isandla sakho. Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngiyasibona isandla sakho.

¹⁵⁶ Othile kuvulandi osesitezi na? Ngingathanda ukubona othile, phezulu kuvulandi osesitezi, lowo ongeyena umKristu, ongathanda ukusho. UNkulunkulu akubusise. Bengazi nje ukuthi ubuphezulu lapho ndodana. Kunomuntu mumbe, ngoba uMoya oNgewele ubonakale ungiholela kuvulandi osesitezi. Angazi ukuthi kungani. Angiyena umuntu oshisekela ngokweqile. Uma nginguye, angiqondile ukuba nguye. Kodwa kubukeka sengathi bekunomuntu mumbe kuvulandi osesitezi. UNkulunkulu akubusise, ndodana. Kwangathi unga... Futhi uma lowo kungumkakho ngakuwe, sengathi ungakhonza iNkosi uJesu ngayo yonke inhliziyi yakho. Kwangathi Kungashintsha impilo yakho, ikhaya lakho. Kuzokwenza. Kwangathi ungaba yinceku yaKhe.

¹⁵⁷ Ngabe ukhona omunye, ngaphambi nje kokuvala manje, ngaphambi kokuba ngiphendulele inkonzo kuMfowethu Boze na? Abafana bazofanele bangene, imizuzu embalwa, futhi baqale ukunikeza amakhadi omkhuleko. Ubungakwenza, kanye nje futhi, baphakamise isandla sabo, ndawondawo esakhiweni na? Mfowethu uJoseph... Uma nje uzophakamisa isandla sakho, umzuzwana nje; ngifuna ukukhuleka nawe, futhi. Yebo. UNkulunkulu akubusise. Ngiyakubona ezansi lapho. Ngiyabonga, mnumzane onomusa. UNkulunkulu akubusise ngaleya, nsizwa. Lokho kuhle kakhulu.

¹⁵⁸ Manje, lokhu kungahle kubonakale kuyinqaba kwabanye benu, ukuthi leloZwi elilodwa beliyokwephula kanjani into ethize enjalo, noMlilo ubuyosabalala. Niyabo? Yingoba yiQiniso, futhi i—inhloso ngqangi yoMlayezo, niyabo, ukuthi sisesikhathini sokuphela.

UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Ngiyasibona isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

Manje, ngiyantshela, bangane, baningi abahlezi lapha, ngiyakholwa, ozomela ukuhlushwa okunyantisayo ngokukholwa kwabo ngaphambi kokuba kunanyekwe ngophawu.

¹⁵⁹ UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu aphakamise isandla sakhe na? UNkulunkulu akubusise, emuva le ngemuva. Ngiyasibona isandla sakho, mnumzane. Omunye umuntu na? Manje, omunye, phakamisa isandla sakho masinya impela. Sisalinde umkhuleko wokusikhipha, uma uzophakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Ngiyasibona isandla sakho, phezu kwendoda phezulu lapho. Yebo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ngiyabona.

¹⁶⁰ Kuyamangalisa lokho; uvele wemukela uKristu nje. Wena, lapho uphakamisa isandla sakho, uNkulunkulu ukubhala phansi eNcwadini yokuPhila. Wona impela umzuzu okholwa ngawo, wedlula ekufeni uye ekuPhileni, lapho uphakamisa isandla sakho. Usiphakamise kanjani isandla sakho na? “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, kuqala.” Yilokho-ke. UNkulunkulu, lapha, edonsa; uphakamisa isandla sakho. IziNgelosi zibhala igama lakho eNcwadini yokuPhila. Lokho kuyakuzalula. Manje uzokwamukela uMoya oNgcwele uma nje uzokholwa kuphela.

Manje, amakhanda ethu ekhotheme futhi.

¹⁶¹ Baba wethu waseZulwini, thumela izibusiso zaKho. Futhi ngiyaKubonga, Baba, ngalelibutho elikhulu labantu elemukela uKristu nje. NgiyaKubonga ngokuqinisekisa emuva uMlayezo waKho, Nkosi, nokuWunikeza, nokwenza izinto Osenzele zona namuhla. Laba bantu bayojabula zonke izinsuku zokuphila kwabo. Wena ubanike ukuPhila okuphakade, manje nje, ngoba bakholwe eNkosini uJesus. Futhi, Baba, lapho lokho kubizela e-altare kwenziwa, ngomzuzwana nje, ukwenyukela lapha futhi bame mathupha ngase-altare noma esikhaleni esiphakathi nezihlalo futhi bakhuleke kuWe futhi babonge insindiso yabo, Ngiyakhuleka ukuthi zonke izandla eziphakemeyo zizoma esikhaleni esiphakathi nezihlalo, ndawondawo, futhi bakhuleke kuWe, futhi babonge ngokubamukela phakathi, noma, ukubamukela eMbusweni waKho. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi izibusiso zaKho zaPhakade zingahlala phezu kwabo.

Namakhanda ethu ekhotheme, uMfowethu Joseph uzoqhubeka, umkhuleko.



UYINI UMBONO NA? ZUL56-0408A
(What Is A Vision?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngo-Aphreli 8, 1956, eLane Tech High School eChicago, e-Illinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org